Address by Her Worship, the Mayor Cllr Zandile Gumede on the Celebration of Founder of Ebuhleni Bama Nazaretha Home

26 September 2016 – 12h00
Ebhuhleni

- Mphathi wohlelo,
- Inkosi Unyazi Lwezulu,
- Ubuholi bamaNazaretha,
- Amakhosi,
- Izinduna zamakhosi,
- AmaKhansela,
- Ubuholi bamaphoyisa,
- Amalungu aleli bandla,
- Sizwe sakwethu,

Sanibonani!

Kuyintokozo kimi ukuzobungaza kanye nani imisebenzi emihle yeNkosi Inyanga YeZulu eyingqalabutho yaleli khaya laseBubuhleni lama Nazaretha.

Ngithe uma ngithola lesi simemo esiphuma kwiNkosi Unyazi lwezulu ngasukumela phezulu ngoba lokhu esizokubungaza namuhla kubalulekile emlandweni wethu singabantu abamnyama.

Leli bandla linamalungu amaningi futhi ibandla elidala elinomlando oqavile.

Lokhu bekusobala ngesikhathi siyobungaza Umkhosi We Lembe noBayede. Amalungu aleli bandla abephume ngothi lwawo.

Kube yinto enhle lena ngoba kukhombise ukuthi siyiSizwe sibambisene futhi siyasebenzinsana.

SiwuMkhandla weTheku nobuholi obusanda kukhethwa, sithi eNkosini uNyazi LweZulu kanye nobuholi nabalandeli baleli bandla, sithi sifuna ukuqinisa ubudlelwane obuphakathi kwethu.

Kumele ngikubalule ukuthi uHulumeni wethu uyakholelwa emkhulekweni nokuvuselelwa kwesimilo ngoba umphakathi wethu ubhekene nezingqinamba ezahlukene ezibuyisela emuva izwe lethu.

Mphathi wohlelo, izinhlelo zokuvuselelwa kwesimilo zigqugquzela abantu ukuba bazibandakanye nemizamo

esiyenzayo yokwakha imiphakathi enobuntu baphinde bazinikele ekwakheni umphakathi onakekelayo ukuze kube nokuthula kwangunaphakade nenqubekela phambili ezweni lethu.

Sekuyisikhathi sokuba sime ndawonye sibhekane ngqo nazo zonke izinto eziyizihlava ezibuyisela umphakathi emuva ukuze sivimbe umonakalo ongase udaleke emphakathini.

Bantu bakithi, imfundo yisona sikhali esingaqeda ngaso zonke lezi zihlava ngoba yona ineqhaza elikhulu ekukhuleni komnotho

wezwe. Imfundo ikhulisa umphakathi jikelele, intando yeningi futhi iletha nozinzo kwezombusazwe, futhi ivumela abantu ukuba bafunde ngamalungelo abo bakwazi nokuthi bawasebenzisa kanjani.

Sonke siyavumelana ukuthi imfundo iyisikhali esibalulekile kodwa sisabhekene nengqinamba yabantu abasha abazithola sebengene shi ezidakamizweni. Lokhu kuyinto efikisela ngamahloni kuhulumeni wethu.
Mphathi wohlelo, uHulumeni unexhala ngenxa yezinto ezenziwa ngabantu abasha ezingakhi kodwa ezibhidlizayo.

Kulezi zinto sibala ukuphuzwa ngokweqile kotshwala, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ubugebengu kanye nokuzibandakanya kwezocansi singakashayi isikhathi okuyinto ehlolela ekukhulelweni kwabantu abasha kanye nengculazi.

SinguHulumeni oxhumene nabantu kumele sisebenzisane ukuthuthukisa imiphakathi yethu.
Ezindaweni eziningi zaseThekwini, ubuholi kanye namalungu alelibandla bangabaholi emphakathini yethu.

Ukubambisana kwethu neqhaza enilibamba emiphakathini yethu kungasiza ukuqeda izingqinamba esibhekene nazo ezilimaza isithunzi seSizwe sakithi siphinde sibulale ikusasa lentsha yethu.

Sikhumbule ukuthi le ntsha esiyithuthukisayo manje iyona ezophatha izwe lethu kusasa. Yingakho kumele sibambisane ukuqinisekisa ukuthi izwe lethu silishiya ezandleni ezikufanele ukuhola isizwe.

Sengiphetha inkulumo yami, Nkosi Unyazi Lezulu kanye nobuholi baleli bandla, ngiyazithoba phambi kwenu. Ngicela

ukulula isandla kuleli bandla ngithi umnyango weHhovisi lami uhlezi uvuliwe. Asibambe izingxoxo ngokusebenzisana kwethu.

Ngiphinde ngithathe lelithuba ngihalalisele leli bandla ngomlando omuhle nje ngoba sihlangene namuhla ukuzobungaza inqubekela phambili yebandla.

Ngiyabonga!